1. ISINGENISO

Abakwa-Mmakau Coal (Pty) Ltd bahlose ukuthumela isicelo samalungelo okugubha imayini ngokoMthetho kaZwelonke wokuThuthukiswa kweNgcebo yokuMbiwa phansi kanye noWoyela ongahluziwe, uMthetho nombolo 28 wezi-2002 (MPRDA) Ezingxenyeni 6, 8, RE15, 16, 17,18, 19 kanye no- 20 zepulazi i-Schurvekop 227 IS.

Ilungelo lokugubha imayini elihlongozwayo libandakanya amahekthare angama-+696.57 kanti isendaweni engalinganiselwa kumakhilomitha angama-20 enyakatho yedolobha lase-Bethal, kuMasipala waseKhaya i-Govan Mbeki (MP307), eMpumalanga (Isithombe 1).

Isicelo samalungelo okugubha imayinin sincike esicelweni sokuGunyazwa kwendawo ngokoMthetho kaZwelonke wokuPhathwa kwezeMvelo (NEMA), uMthetho 107 we-1998.

Phezu kwalokhu, umklamo uzophinde udinge imvume yokuphathwa kukadoti ngokoMthetho wokuPhathwa kweMvelo kuZwelonkeL uMthetho ophathelene noDoti (NEM:WA), uMthetho 59 wezi-2008 knaye nemvume yokusebenzisa amanzi ngokoMthetho kaZwelonke waManzi, uMthetho 36 wezi-1998 (NWA).

AbakwaCabanga baqokwe njengabaHloli beMvelo/beNdawo abazimele (EAP) ukuze baqedele zonke izicelo ezidingekayo zezemvelo kanye nokuqapha ucwaningo longoti abehlukene.

2. INHLOSO YALEDOKHUMENTI

Le dokhumenti (Idokhumenti yolwazi mayelana nomklamo noma "BID") ihlanganiselwe ukuhlinzeka wena, muntu onentshisekelo noThintekayo (I&AP), ngolwazi mayelana nomklamo ohlongozwayo kanye nezinqubo ezihambisana nokugunyazwa kwemvelo/kwendawo.

Ngalokhu uyamenywa ukuthi ubambe iqhaza ngokukhululeka uphinde uthumele imibuzo noma ulwazi ofisa ukuba negalelo ngalo kulezi zinqubo. Konke ukuphawula esizokuthola sizokubhala phansi sikhulume ngakho njengengxenye yenqubo yokuhlola umthelela wendawo/wemvelo.

Sicela ugcwalise iphepha lohlelombuzo bese ulibuyisa kithi ngeFeksi: 011 794 6946 noma nge-imeyili kuleli kheli michelle@cabangaenvironmental.co.za ukuze ubhalise njenge-I&AP. Noma ungasishayela ucingo kule nombolo yocingo: 011 794 7534.

3. ISENDLALELO NGOMKLAMO

Okumbiwa phansi: Amalahle

Indlela yokugubha: ngaphansi komhlaba i-Underground bord-&-pillar

Ukujula kwezimayini: 60m ngaphansi komhlaba

Iminyaka imayini ikhona: +14 iminyaka

Imakethe yomkhiqizo: Eskom

Ingaphansi komhlaba kuzongenwa kulo ngendlela ebizwa nge-boxcut adit. Kuhlongozwa ukuthi i-boxcut, indawo yokusebenzela kanye nezinye izingqalasizinda eziphathelene nokugubha emayini zizoba sengxenyeni 8, 18 naku-19 zepulazi i-Schurvekop 227 IS (Isithombe 2 kanye no-3).

Amalahle azosuswa ngaphansi komhlaba eze ngaphezulu ngokusebenzisa ibhande elihambayo i-coveyor belt. Bese ethunyelwa endaweni yokusebenzela lapho ezolungiswa khona (agaywe, ahlolwe agezwe).

Ukungcola kwasemayini okusuka endaweni yokusebenzela kuzolahlwa endaweni edidiyelwe yokulahla udoti.

Umkhiqizo wamalahle uzokalwa bese uyapakishwa ezindaweni ezibekelwe lokho ukuze uhlolwe ukuthi ufanele na ukuthuthwa uyothengiswa emakethe.

Okwamanje kuthiwa indaawo yokusebenza izovulwa 24/7.

Izidingo zokusebenza

- Ugesi wokusebenza uzotholakala kwa-Eskom (8MVA odingekayo).
- Amanzi okusebenza azotholakala ngaphansi komhlaba lapo kusetshenzwa khona.

- Kuthiwa amanzi okuphuza/asebenzisekayo azotholakala epitsini khona emagcekeni, nezinye izindawo zisabhekwa.
- Udoti ojwayelekile uzoqoqwa ukuze uyolahlwa endaweni kaMasipala yokulahla udoti.
- Udoti walapho kusetshenzelwa khona uzoqoqwa uyolwahlwa endaweni efanele enemvume yokulahla kuleyo ndawo.
- Indle izoqoqwa ngamathangi achithwe ngamapayipi ukuze iyohlanzwa endaweni efanele enemvume yokwenza lokho. Kungenjanlo, indawo encane yokulahla indle izofakwa khona esayithini.

Amathuba omsebenzi:

- Umklamo uzosungula amathuba omsebenzi kuabantu abalinganiselwa ku-267.

4. INQUBO YOKUGUNYAZWA KWENDAWO/KWEZEMVELO

Emva kokuthunyelwa kwesicelo sokugunyazwa kwendawo kufuneka kufakwe isicelo ukuze lesos sicelo sizobhekwa kulandelwa inqubo yokuHlolwa okuyiSisekelo noma ukuHlela umsebenzi nokuHlolwa koMthelela kwezeMvelo (EIA).

Ngalesi sikhathi salezi zinqubo kuhlolwa ububi nobuhle obuhambisana nalentuthuko; kanye nezindlela ezingezinye ezifanele kanye/noma izindlela zokuphatha ziyahlongozwa ukuze kunciphe umthelela kwezemvelo.

Njengoba isicelo simayelana nokugubha imayini (Isaziso 2), kuzolandelwa inqubo egcwele yokuHlela umsebenzi nokuHlola uMthelela kwezeMvelo. Izinyathelo zale nqubo zichaziwe kafushane ngezansi:

- **Isigaba sangaphambi kokufakwa kwesicelo**
  - Ukuqedela incazelo yomklamo
  - Ukuhlonza ama-I&AP
  - Ukuhambisa kwabanye i-BID, ukubeka izaziso nezikhangiso
  - Ukuthumela amafomu okufaka isicelo eMnyangweni weNgcebo nokumbiwa phansi (DMR)

- **Ukuhlelwa komsebenzi**
  - Bheka indawo okuzosetshenzwa kuyo (qala ngocwaningo longoti)
  - Hlonza umthelela ongaba khona ukuze ubhekisiswe futhi
  - Biza imihlangano yomphakathi ukuze uhlonze izinkinga nokukhathaza ama-I&AP
  - Hlola okunye okungenziwa
  - Hlonza uhlelo locwaningo lwama-EIA
  - Umbiko wokuHlela umsebenzi ube usuhlanganiswa bese uyakhishwa ukuze umphakathi uwubuyekeze isikhathi esiyizinsuku ezingama-30
  - Umbiko wokuHlela umsebenzi uyaqedelwa bese uthunyelwa ku-DMR

Izinsuku 43

Izinsuku 44

- **Isigaba se- EIA / EMP**
  - Kuqedelwa ucwaningo longoti
  - Kukalwa umthelela bese kuphakanyiswa izindlela zokubhekana nawo uma kungenzeka
  - kuphakanyiswa izinhlelo zokuqapha umsebenzi ukuze kuqinisekiswe ukuthi izindlela zokunciphisa umthelela ziyimpumelelo;
  - uyahlanganiswa bese uyakhishwa ukuze umphakathi uwubuyekeze isikhathi esiyizinsuku ezingama-30
  - Kubanjwa umhlangano wesibili womphakathi ukuze kwethulwe uMbiko we-EIA/EMP bese kuqashelwa okunye ukuphawula okwenziwe kanye nezinye izikhalazo
  - Umbiko we- EIA/EMP uyaqedelwa bese uthunyelwa ku-DMR

Izinsuku 106

Isinqumo

- I-DMR benza isinqumo ngesicelo bese bekhipha isaziso esibhaliwe ngesinqumo
- Bonke aba-I &AP bayaziswa ngomphumela wesicelo, baziswe nangelungelo labo lokudlulisela udaba phambili.

Izinsuku 107

Umbiko wokuHlelwa komsebenzi kanye nowe-EIA/EMP uzohlanganiswa ngendlela ebekwe yi-DMR, ngokulandela i-NEMA ne-NEM:WA (isicelo esididiyele).

Isikhathi esibekiwe senqubo yokugunyazwa kwemvelo/kwendawo silinganiselwa ezinsukwini ezingama-300 ngomthetho we-NEMA.

5. IMISEBENZI ESOHLWINI

Leli thebuli elilandelayo libeka kafushane uhla lwemisebenzi ehlonziwe ngokwe-NEMA ne-NEM:WA. Le misebenzi izofakwa esicelweni sokuthola igunya lezemvelo/lendawo:

ISAZISO SIKAHULUMENI:	INOMBOLO YOMSEBENZI:
GNR 983, Isaziso sohlu: 1	11, 12, 13, 22, 24, 27 & 30
GNR 984, Isaziso sohlu: 2	6, 15, 17 & 21
GNR 985, Isaziso sohlu 3	2, 4, 10, 12 & 14
GNR 921 of NEM: Waste Act	Isigaba A: Umsebenzi 14 Isisgaba B: Umsebenzi 7, 10 & 11

6. UKUSETSHENZISWA KWAMANZI

Abanika igunya lokusebenzisa amanzi abaqavile ngokomthetho we-NWA uMnayngo wezaManzi nokuthuthwa kwendle (DWS). Ngokwesigaba sama-21 se-NWA, wonke amanzi asetshenziswayo angekho kuSheduli 1 kumele abe nemvume yakwa-DWS. Amanzi azosetshenziselwa lokhu okulandelayo esayithini:

- 21(a) azokhiwa epitsini
- Imisebenzi 21(c) no (i) endaweni engu-500m wendawo enamanzi
- 21(g) ukuqeda izintuli
- 21(g) ukupakisha amalahle
- 21(g) ukulahla udoti ophuma emayini
- 21(g)) amadamu amanzi angcolile
- 21(j) Ukususwa komsebenzi emgodini wemayini

7. UMTHELELA ONGASE UBE KHONA KWEZEMVELO

Kuhlonzwe lomthelela olandelayo ongase ube khona kanti futhi uzophinde uhlolwe ngesikhathi senqubo yokutholakala kwegunya lezemvelo/lendawo:

- anathuba okuthi kushintshwe isimo sendawo
- ukulahleka kwenhlabathi – ukuguguleka nokuncipha kwenhlabathi
- Ukushintsha kwento esetshenziselwa umhlaba kusuke epulazini kuye emayini
- Ukulahleka kwezinto ezinhlobonhlobo eziphilayo – ukususwa kwezitshalo nokuphazamiseka kwamakhaya okunye
- ukuphazamiseka kwezinto ezingandile
- ukuncipha kokuhanjiswa kwamanzi ezindaweni zamanzi
- amathuba okungcoliseka kwemithombo yamanzi (amanzi angaphezulu nangaphansi komhlaba)
- Ukuncishiswa komgodi emisebenzini wokususa (inani lamanzi angaphansi komhlaba)
- izintuli eziningi nekhabhoni
- ukunyuka kwamazinga omsindo
- kuzolahleka ubuhle bendawo
- ukulimala kwesakhiwo/ingqalasizinda ngenxa yokuqhunyiswa/ukubhidlizwa
- Amathuba okulimala kwezindawo zamagugu (amathuna kanye/noma izinto eziwumlando wezinto noma abantu)
- Ukufika ngobuningi kwabantu abazofuna umsebenzi endaweni
- ukunyuka kokugcwala kwezimoto – ukuthuthwa kwamalahle

Kuhlongozwa ucwaningo longoti kulokhu okulandelayo:

- Izinga lomoya
- Ukuqhumisa nokundindizela
- mayelana namanzi
- mayelana nezilwane nezimila
- amaxhaphozi
- amanzi angaphezu komhlaba
- amanzi angaphansi komhlaba
- Inhlabathi, ukusetshenziswa komhlaba kanye nokungenziwa wumhlaba
- Amagugu
- Ukugcwala kwezimoto emigwaqweni

8. INQUBO YOKUBANDANYA UMPHAKATHI

Ukubandakanya umphakathi kuyinto ebalulekile kule nqubo emayelana nendawo. Kukhuluma ngamalungelo ama-I&AP okumele aziswe ngemisebenzi ehlongozwayo kanye nokubabandakanya ezinqumweni ezibathintayo. Kuphinde kunike labo abahlola indawo ithuba lokuhlola nokukhuluma ngezindaba nokukhathazeka okuvezwa ama-I&AP lokhu okwenza ukuthi sikwazi ukuhlola wonke umthelela ongaba khona ngenxa yalomklamo ohlongozwayo.

Kulesi sigaba kubonakala sengathi kuzobanjwa imihlangano yomphakathi emibili ngalesi sikhathi sokufakwa kwesicelo.

- Umhlangano wesigaba sokuhlelwa komsebenzi usuhleliwe (bona imininingwane ngezansi) ukuze kwethulwe lo mklamo kuphinde kukhulunywe ngenqubekela phambili mayelana nezicelo ezifakiwe.
- Isigaba se-EIA/EMP esiwumhlangano wembuyisambiko uzoba khona ukuze kubuyiswe umbiko mayelana nokutholwe abacwaningi abangongoti abagxile emtheleleni ohlonziwe kanye nokunqandwa kwalowo mthelela. Uzokwaziswa nge-SMS/ifeksi/i-imeyili ngesikhathi esiphakanyisiwe nendawo okuzobanjelwa kuyo umhlangano we-EIA/EMP, uma usubhalisile njenge-I&AP.

Ngalokhu uyamenywa ukuba uhambele umhlangano womphakathi wesigaba sokuHlelwa komsebenzi:

Usuku: uLwesithathu, 9th Novemba 2016

Isikhathi: 11:00 ekuseni-13:00 ntambama

Indawo: Bethal Local Library, Danie Nortje St.

(Sicela uqaphele ukuthi umhlangano uzobanjwa ngesiNgisi)

Sicela uqaphele ukuthi umphakathi uzoyithola imibiko eyahlukene mayelana nendawo/nemvelo ukuze uyibuyekeze futhi uphawule ngayo kanti uzonikwa isikhathi esiyizinsuku ezingamashumi amathathu (30). Bonke ababhalisile njengama-I&AP bazokwaziswa uma isikhona.

Xhumana nathi

Michelle Venter

Cabanga Environmental

Ucingo: 011 794 7534 / Fax: 011 794 6946

michelle@cabangaenvironmental.co.za

Postnet Suite 470

Private Bag X3

Northriding

2162



Isithombe 1: Uhlelo lwendawo



Isithombe 2: Locality Plan Uhlelo lwendawo



Isithombe 3: Isimo sendawo esihlongozwayo

UHLELOMBUZO LOKUBANDAKANYA UMPHAKATHI: SCHURVEKOP

Ukuze ubhalise njenge- I&AP, sicela ugcwalise bese uthumela leli phepha kwabakwa-Cabanga nge-imeyili, ngefeksi noma ngeposi:

michelle@cabangaenvironmental.co.za; Ifeksi: (011) 794 6946

Postnet Suite 470, P/Bag X3, Northriding, 2162

Kungenjalo ungabhalisa kulesi sizindalwazi www.cabangaenvironmental.co.za cindezela "Public Participation/Ukubandakanywa komphakathi"

Igama:		**Isibongo:**	
Inombolo yocingo:		**Inombolo yefeksi.:**	
Iposi:			
I-imeyili:			

Ungathanda ukuthi sixhumane kanjani nawe:	☐I-imeyili ☐Ifeksi ☐Iposi ☐Ucingo ☐SMS
Ingabe ungumnini mhlaba othinteka ngqo noma useduze komnini mhlaba noma umsebenzisi? **Uma uthi cha, yini intshisekelo yakho kulo mklamo?** **Uma uthi yebo, sicela usho igama lepulazi / indawo yakho kanye nemininingwane yokuthi lomhlaba usetshenziselwani njengamanje.**	☐Yebo ☐Cha
Ingabe kukhona ozokuzuza ngokwamukelwa noma ngokuchithwa kwesicelo salomklamo? **Uma uthi yebo, sicela wenabe?**	☐Yebo ☐Cha
Ingabe ucabanga ukuthi lomsebenzi ohlongozwayo uzoba nomthelela kuwe naku/noma ezimweni zezenhlalakahle nezomnotho? **Kanjani?**	☐Yebo ☐Cha
Ingabe kukhona ukukhathazeka onakho mayelana nalomklamo (isibonelo amanzi, ukunukubezeka komoya)?	
Inagbe zikhona izindawo ezizwelayo okumele sizigweme (isibonelo amathuna, izindawo ezinezinto zamasiko, uhlobo lwendalo olusengozini yokushabalala, izinto ezibalulekile zemvleo noma izindawo njll)	

Ingabe unayo eminye imibuzo noma ukukhathazeka mayelana nalomklamo?	
Ingabe bakhona abantu, izinhlangano noma amaqembu okumele aziswe? **Sicela usihlinzeke ngemininingwane yokuxhumana nabo.**	☐Yebo ☐Cha